Isifundo seSikole seSonto

EsesiVIII, February 23.

UMoses ekulekela uIsrael, Eks. 32:7-14.

ISITATELO:-" Ukunxusa komuntu olungileyo kusiza kakulu ekusebenzeni kwako." Jak. 5:16.

Wonke ofunda lesisifundo kuhle afunde izahluko 32 nese33.

Sesitsheliwe ukuti uMoses wakupukela entabeni yaseSinai wafike wemukeliswa kona imiyalo evela kuJehova ukuba ayinike abantu bakwaIsrael. Okuyikona okwenzekayo entabeni nokwabonwa nguMoses lapo ekona kuyauhlala kuyimfumbe kitina balomhlaba. Wahlala kona izinsuku ezi amashumi amane esibonayo nje ukuti waenesikati sokuxwana noNkulunkulu abayingcozana abantu abake babe nalo itiba elinjalo.

UMoses wanyamalala kwaze kweqa isikati esabe sibhekiwe abantu, makube naye waengasho ekumukeni -kwake ukuti uyolibala kangako. Bona makube babeti uzobuya nje ngezinsukwana ezingengapi, kepa izinsuku zaba yiloku zeluleka ziba amasonto ababe besabona luto abezwa luto ngaye. Basebe dinga nje ukuti wehlelwe yini. Kwakungeko luto lokubabonisa ukuti usemhlanganweni omkulu kangaka noJehova. Balizwa izulu lidima balibona linyazima ngenkati yokukupuka kwake abaqeda nakuba wadhliwa yilo yini. Baqala ukututumela nokusola lapo sebengasaqondi ukuba usayaubuya kuko kasayi kubuya, loku nguye owaba kipa eGipita wabazisa kulelihlane, sebe hlushwe yizinto eziningi abangazazelele ekupumeni kwabo eGipita, manje useti lapo esebakipele ehlane usebashiya mhlaumbe kasayi kubuya. Babesola nangokunye okuningi.

Kusobala ukuti babe ngakezwani noNkulunkulu bona uqobo, babese loku benake kuMoses kupela ukuba kukuluma yena noJehova, sekutike manje loku esebashiyile sebekohliwe ukuba bangaya kanjani bati ngqo kuJehova bacela ukuba abahole ngako baya kuAaron umsizi kaMoses bati babezele isitombe senkonyana kona bezoba noto olubonakalayo lokuludumisa base beti yikona olabakipe eGipita sebala oMoses noJehova.

Kuti angiti loku okwenziwa yilababantu kusenziwa abaningi ababizwa ngamakolwa, abadedela umalusi noma omunye umholi abekuleka yedwa kube uye yedwa obanxusela pambi kokaNkulunkulu utetalelo lwabo nezibusiso obese kuti lapo uMalusi esehamba noma umholi efa babenjengenhlanzi eshelwe amanzi. Abaka kufundi ukuzwana no Nkulunkulu ngokwabo bajayelane noJesu ngezingqobo zabo okuti uma umholi wabo wasemhlabeni emuka abe uNkulunkulu wabo kaseko. Umalusi wako akasiye umteteleli wako ngokupeleleyo ukuba ahlale ekukulmela kuNkulunkulu, lowo umsebenzi omkulu angawenza, umalusi kuhle ahlale otula abantu bake njalo pambi kwesihlalo somusa, kepa umesebenzi wake ongapezu kwalowo ukwazisa abantu uNkulunkulu njengo Johane wakombisa abafundi bake uKristu base behamba beyohlala naye uqobo lwabo. Yiloku okusweleke kwenziwe umholi wako kuwe.

Yebo, uAaron ngobutakataka walalela abantu, wati mabalete zonke izindandato zabo zegolide, wazitata wazincibilikisa, wabumba inkonyane ngokutile wase eyinameka ngegolide eseyimisa pambi kwabantu, base besina pambi kwayo kuhle kwabahedeni abangazi luto abangabonange bezwa ngoNkulunkulu opilayo woqobo. Kusobala ukuba bazehlisela pansi kabi abaIsrael laba abanye!

Dukuduku sebeqalisa ukusina bepahle inkonyane wafike uMoses ehlá entabeni epete imiteto, enendaba enkulu aza kuyotula kubantu ezaubatshela ukuti uNkulunkulu ubonakele kuye wamnika imiteto emangalisa kanje. Kepa esikundhleni sokuba abe netiba lokubanikeza imiteto ngokujabula use zaukwenza ngokudabuka. Wona wokuqala wemiyalo eyishumi asanda kuyamkeliswa sebeyawepula. Kwamdabula uMoses "wafa olwembiza" ngangoba wapohloza pansi izitetshana okwakulotshwe kuso imiYalo. Ngaloko ngenkutalo yolaka utetisa ejezisa abantu. Watata inkonyana leyo wayishisa wagaya amalahle ayo aba yimpupu wayitela emanzini ukupela kwawo abazauwapuza. Wabenzela luto yokupuza ebabayo! Wase ebiza bonke abaholi abedusa abantu bayenga noAaron ukuba ayenze inkonyane wabajezisa ngokubabulala.

Wase uMoses epindela kuNkulunkulu eyaunxusela abaseleyo. Wab'eti uNkulunkulu mabaqotulwe bonke ebhukwini labantabake, kepa uMoses wamnxusa wati uma behlangulwa ufuna ukuhlangulwa nabo. Sitshelwake ukuti uNkulunkulu wapendula kwabe ekuhlosile wavuma ukubatetelela.

Loku kusibonisa ngesimangaliso isimilo sikaMoses nokutanda kwake abakubo, pezu kwokuba seb'onile kabi kangaka bedele uJehova noMoses noko ulungele ukubafela ahlangulwe ebhukwini likaNkulunkulu. Ufana noJesu oweza lapa emhlabeni waxobiswa waze wabulawa ngabantu ngoba waefuna ukusibonisa indhlela yosindiso.

Ezase Goli.

URev. Nhlupeko H. mkize ubese Goli ngelidhlule, epuma emzini wake ePitoli. Kazi loku uRev. Seme eseya eMtwalume nje uVumandaba kayiku sepuca na ?

o o o

Siyajabula ukubona uMiss Amy Kunene esefundisa lapa. Setemba okuhle ntombi yakiti.

o o o

Abantu abafuna umsebenzi bagcwele abawutoli. Asazi ukuti izintela zopu ngwa ngani na? Nani enizayo kuqondeni loko.

o o o

UMr. Vivian Sidoyi Cele uselapa eJozi ufike ngesonto elidhlule epuma eDurban, lapo kade evakashele kona. Ubukeka kahle.

o o o

UMr. Albert J. Nembula indodana yomfi uDotela Nembula, waseAdams M. S. usebenza ePass Office loku kade ekaMuhle eTekwini. Siyadabuka ngoba usand'ukushonelwa unina kona lapa.

o o o

Amanxusa aseyahamba ngelizayo aya petsheya. Hambani bafana tina intambo sesiyiponsile ezimpondweni Nikonze kuKing naku Mr. Lloyd George bangasideli abantu.

o o o

Siyajabula ukuzwa ukuzwa ukuti sekungcono kubantwana nenkosikazi kaRev. Goba. Siyamzwela umfundisi wetu.

o o o

Sengati uMr. Henry Moflat M. Kaula uzoke afike lapa azoponsa itye etuneni lomfowabo alungise nezimpahla zomfi uSteven Kaula.

o o o

Sike sabona uMr. M. A. Nyawose evakashele kumlamu wake uMr. A. Mgobhozi ngezindaba. Sengati sebe yehla baya eNatal.

o o o

Kuzwakala sengati uCharles B. Mkize noLamayena Simon Mpako Mkize sebeyakupuka, wase Itshenko mbo nowaseMfume M. S.

o o o

Abelungu abasavumi umuntu atsha yele iMotor-Car. Bati amasosha abuya empini azoba yini. Nanko omunye wemihlola pela.

o o o

Amakaza aseqalile eJozi, sengati nonyaka kuzoba makaza impela nela nga seliyashesha ukushona.

o o o

UMafukuzela ahambe uma amaNxusa ewela, iNatal ayimsikele isihlangu. Hamba Nkuz'emidwayidwa tina sete mbaj wena ngesibindi asko. Hamba uyokalela izintandane.

o o o

Lapa kuhamba kona uRev. F. Bridgman ihostel seizovulwa, nezinye izindhlu zokujabulisa. Siyaqubeka impela njengokugiya wena kaMahlaba akahlauli. Quba njengase Tekwini.

o o o

Bonke abantu sebezokishwa pakati komzi bayiswe emzini wabo omusha, eNew Clare. Kazi sogcina sipelelepi na ? Kudela owaziyo.

Inganeko yamaChina.

UKUKULEKEL'UMFAZI. OMUHLE

Kukona umkosi ogujwayo eChina obizwa ngokutiwa "lusuku lweNhlanhla." Utatelwa enganekwaneni endala yakona okutiwa kwasukela insizwa etile nentombi bengahlanganise zwi baya ukukuleka kuBuddha (iTongo lakona lelo) insizwa ikulekela umfazi omuhle nentombi ikulekela indoda enhle, uBuddha wati qa mabahlanga niswe bobabili laba baganane. Bala kwabanjalo babonana batandana baze bagcagca. Bahlala isikati behlalisene kahle bezwana kepa kwahamba kwahamba kwaba ilowo watanda ukwenza umxwele wake baba yiloku bepikisana bexabana. Loko kwamtukutelisa uBudha ukuba badumaze uto olwahlanga niswa nguye wase ebadingisa kwaba yilowo wambeka ngale kwomfula ongawelwayo ngokuba uyisiziba esi ulutwa bati ingani bayabonana babe benganakusondelana nakuxoxa loku. Babejutshwa kanye ukuba bahlangane ngonyaka.

Loko kwenza ukuba bafisane baba nesizungu omunye nomunye sebehlala belangazelela usuku lokuhlangana. Loko kwabalungisa baqonda baba njengoti lomkonto.

Lomkosi ke izintombi zaseChina ezingakagani zikuleka kuNkulunkulu ukuba azamkelise amadoda afaneleyo.

UT'UNGAHLE UKUMELE?

Wake wakwelwa yinkwantshu kakulu nentungwa nokuhlambulula ungenalo igabha likaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula endhlini? Musa ukuzifaka engozini enjalo. Noma uwupuze kanye noma kabili engakalandwa udotela, awuze ungageja noma umuntu esegula ngokuyingozi kanjani. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Umhlangano woxolo.

Mhleli wetu,—Ngepeni lako lesonto elidhlule ngibone isiziso salomhlangano ongasenhla ukuti awuseko usubhuntshile.

Nansi imibuzo engingatanda ukuyibuza:—Wauze wabakona kanjani, umemeke ngalipi igunya—AMADODA AMAKULU kaCONGRESS akwazi UKUBONISANA, NOKUCEBISANA eyengapi? Nawokuti futi usubhidhlika nje lomhlangano, loko kuboniswa, nokwelulekana izwe lingasa kuzwanga nje ngani? Bekutiwani, ngubani, onandabani, kulamadoda akulupele, amakulu?

Futi loku kwelulekana, nokucebisana kuze kwati kugcina ekuceleni ababhali benhlangoti zombili ukuba babize imihlangano yabo nje bekutiwani? Kanti mingaki imihlangano kaCongress? Kuhle asazise isizwe AMADODA AMAKULU kaCongress. Futi labo bacebisani, nabalnleki, kwenziwa yini ukuba babe negunya elikulu kangangoba baze bemise nosuku lwomhlangano (Easter)?

Futi leligama eliti "Pakati kwezindaba eziningi" likuluma ukutini, bozindaba zini? Ipi iAGENDA yalezozindaba? Nanjengokuba sizwa songati imihlangano mibili nje kohlala yipi: Chairman esihlalweni kulobe mupi umbhali?

Lamadoda amakulu kaCongress anxa yipi kulesiya saziso esakitshwa nguChief Mini noMr. J. T. Gumede sibiza umhlangano wokuketa, es banga ukuba abantu bakete aoDube noRadebe? Ngisho pela ngoba kwakungumhlangano nawo lowo? Lamadoda amakulu ate inxatshana ecebisana noMfundisi Mtimkulu angajabula inxa kuketwa aobani?" Ati acasulwa yini ukutsho akutshoyo ngoba nansi inhlangano iseyaketa aoDube noRadebe, baketwa yiyo lenhlangano efunwa ngalamadoda amakulu. Acebisa alaleke atini kuleyo nhlanganô? Ati kwoti oDube noRadebe sebenqora nezikundhla njengaeMini noGumede, apinde futi umfundisi Mtimkulu abize umhlangano woXolo—opelel'ezeni?

Okwamanje mhleli ngisagcina ngalombuzo:—Ake usityele mfundisi Mtimkulu ukuti ngaoMusubani lawo madoda amakulu namakeli awo, nezikundhla zawo kuCongress, akepi, ahlala pi? Lamadoda amakulu kuyisiposiso ukuba angaziwa yilizwe—ati nokutsho kwoti emva kwezindaba eziningi kuketwe iPresident yeNatal Native Congress; kube yilapo tina nezwe sazi uRev. J. L. Dube oyi-President kaNatal Native Congress okwamanje. Kakosho ke yena, amemezele, akipe isaziso sokuti akuketwe.

Ngisscimeza Mhleli ngizobuye ngivele; inkulu kabi lendaba. Sihlupeka nje kucatsh'amadoda amakulu kaCongress akwazi UKUCEBISANA NOKWELULEKANA.

M. S. RADEBE.

414, Boom St.
P. M. Burg.

[Akuko okungekufa Mr. Radebe noma zenzeka iziposiso, kuzanywa ukuba kube kona ukutula kupele lengxoviya eyenzekayo. Tina sibonga imizamo kaRev. Mtimkulu namanye amadoda azama ukuba kupele lesi sipitipiti.—Mhleli].

Eze Congregational Church of the American Board, Benoni.

(Ku Mhleli we "Langa" laseNatal.)

Ehe baba epepeni lako elidumileyo kengixoxele abefundi be'Langa' engiku bonile kwenziwa ibandhla lapa eBenoni noma sebeyifinyelelisile kuwe.

Ngomhla ka 2nd, Feb, 1919 bekuvulwa indhlu yeSonto enhle kakulu eya kiwe iMission eState Mine No. 1. Bevivulwa nguDr. Bridgman neNkosikazi yake noRev. Goba noRev. N. Mkize wasePitoli nabavangeli oMr. Likumbi noMr. Nyuswa noMr. Mabaso, nowakona umvangeli aMr. Yingwan. Kwaba kuhle isimangaliso. Walivula ngehubo lika David 100 nangengoma 39. Bema abantu emnyango elikulu iviyo liya emakulwini amabili kwati lapo sekuhla tyelelwa elesitatu iVesi avuleka amasa ngo kwangenwa. Imizamo ke yezinko mponi izinhlamvu zaba u£35 8s. 5d.

Kwati nabapakati kwamnandi kwade la umfundisi wapenya iVangeli lika John isahluko sesine kwati nabavangeli sebeshintshisana bayala bakomb'icala lokuba abamdumisayo nga bemdumisa ngomoya nangeqiniso. Siyayibonga impela iMission ngomsebenzi omkulu ewenzileyo. Kutiwa kwabaseBenoni impela isebenza umsebenzi abatunyelwa wona lapa eSouth Africa nabantu bavukile lapo kuhamba kona umvangeli Yingwan wenza imvuselelo pakati kwezi Nkoponi nasemaLocation naseMadolobheni eBenoni, Springs, Brakpan, impela nokubona kwami umsebenzi uyahamba. NgoKisimusi Dec 25 1918 izindhleko zokuzijabulisa £21 19s. 4d. ngoJan. 12 1919 £11 10s. 8d. ngoFeb. 2 19 £35 8s. 5d. ngiti ke isiyonke £68 18s. 5d. Futi kuse kona nezete mbiso. Ngibona ukuti kuyakuyakuya akunjengaizolo futi sekuvulwe nesikolo kufundisa uMrs. H. H. Mbhambho emini, kusihlwa uMr. A. Seleku zinti ngi izingane impela. Xola Mhleli ngokwelula kwami.

Yimina owakona,
TIMOTHY M. MAKATINI.
P. O. Box 113, Benoni.

Ukukululeka kwesifazana sakwaZulu esingakagcagci nesigcagcile ebu gqilini.

Itatwa encwadini efundwe emhlanganweni, yabafundisi yaseNatal nguMrs. Winfred L. Hawkins.

"Right here it is our duty to him and to these poor people to see that the "Old ligalised Native Code" is wiped off statate book."

(Hear the other side—Ungezwa nga ndhlebenye)

Mhleli,—Lamazwi amnandi kangaka ekuqalelii uti umuntu esepakati nawo sekuya ngasekugcineni afumane lama zwi agcine ngenhla ngesiNgisi. Inkulumo yonke iqonde ukubulala umteto obusa abantu abamnyama okwati lapo abelungu sebesenzela imiteto yokusipata ukuba balicite elakwa Zulu bati, cha lena bangazitokozisa ngayo efana nalena:—Ukwendiselana, ukunika amandhla emakosini ukutetela amacala, ukunika amandhla ezinyangeni ezimnyama ukwelapa, nokunye okunjalo. Abefundisi bati ayi pela yonke nya nencwajana leyo. Bati ke iloko ukukululwa kwalesi sifazane ebugqilini. Abasoli nokwendisa. Kodwa bapezu koku LOBOLA. Ngako bati ayife yonke. Nakoke lapo kufike kungezwani neningi lika Zulu engizolikufumela lapa namhla Mhleli nabafundi bako.

Ukuqala ngizoti ku isimangaliso ngoba abefundisi laba bamanje abantu abangakataliyo ngezinto ezingatintiyo bona. Ziningi izinto ezicindezele abantu bakiti kodwa abazinakile ngoba azitikimezi bona kodwa intwana nje engakalisi muntu noyedwa sebeti kuhle imelwe ngezinyawo zombili ikitshwe emitetweni yakwaZulu nya.

Akenitate imiqondo yenu niyibhekise emanxulumeni akiti. Uma namhlanje kutiwa zonke azitshaye ngotando zingalotyolwa futi nemuka neKula kuhle, nemuka nokwahla kuhle, obaba banga ba yini nje Zulu? Uma namhla kutiwa i"Native Code" ipelile nya kona ukwelashwa ningelashwa yini? Intombaza na ukutshaya ngotando ingalotsholwa sekwehlule ezikoleni ngoba kukona abati abalobolisi kodwa kube kona "izicelo" zawo £50 okusobala ukuti impilo yomuntu ukudhla ngomntwana wake emzele. Amantombazana angendiswa yo atshaya ngotaudo emadolobheni atshaya ngotando kona nazo zonke izizwana lezi, Po yini enye esingaya ziyo? Nabo, abefundisi laba abanawo nomteto wokuvimbela loko konakala bati ukwenza bake izindhlu okutiwa amaHostel kona bezohlala kona bagcine intando.

Ngayo yonke lenkulumo badala uhlupo nje esesi lujwayele. Lowo mteto weLobolo awahlukene nowaMazwe ka1913 kumuntu wakwaZulu.

Ngitola isimanga nxa bekuluma konke loku bapasa inkulumo yabo nge Bible. Nakoke lapo iBible lena iningi lifike lingezwani nayo kona, ngoba lapa eBhayibheleni funda ekuganweni kuka Isaka noJakobe. UIsaka (Genesis 24) uyofumana ukuti yena intombi waye ngayazi naye ingamazi, inceku yakulu ma noyise nje yati ityenwa kwase kupelile. Nxa sifunda futi kuGenesis 29 sofumana ukuti uJakob yena waye yazi eseyibonile wakuluma nayo ezotando waze wavelelwa usizi lokukohliswa nje esebotshezelwa ngoba akacebisana nga nentombi.

Kulapake lapo sifumana ukulobola kubhaliwe encwadini kaTixo ngoba uJakobe wabotshezelwa kuLea wamlobola. Futi wapinda walobola uRatshel ababetandana naye.

Kusuka lapo akuko futi lapo kupikisa kona leli iqiniso lokubotshelwa nokulobolisa okwenziwa namhla izizwe ezimnyama zaseAfrica.

Ngite ke abefundisi bazenzela bona indhlela elula yokuquba umsebenzi wabo. Ziningi izizwe ezikonza uTixo nemikuba yakubo. Tina esinjani okutiwa ukuze sibone iZulu asidele yonke imikuba yakiti nesipila ngayo? Ilobolo ilona siko lakwaZulu. Baxuba nesitembu, enye indaba enkulu ngokwayo nje yokwenza izintandane nonondindwa umuntu ehgasenamgcini ecitwa indoda. Lomteto befundisi uma ungaba iwo ungaba owobugqili. Lo Plaatje okulu ma ngaye uti futi kwenye indawo kwakutengiswa. Uyamuzwa, nje futi kona lapo, kusuka 88, 99 eseti akusizi ukuti usiza omunye ngokungcolisa omunye umuntu, atsho aze ancome imikuba emihle yakwaZulu ekuyo iNative Code yokuhlola amantombazane. Ayi nina bafundisi bakiti eS. Africa!

Namhla kungasa tshumayelwa nitanda ukukuluma kade. Soyicela ivutiwe namahlelo enu.

Yimi owenu njalo kayi zolo,
ALLISON W. GEO. CHAMPION.
Roodepoort,
Transvaal.

INTUNGWA YENKWANTSHU.

Akudingi ukuba ude ulunywa yisisu uzibhonqa noma ube buhlungu ematunjini. OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula auze ungageja ukunika ikefu nakosegule kanjani. Wufune kona namhlanje, pela asisayikubako isikati sokawufumana inxa sekusukile Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Izwi labakwa Randles.

Baba sivumele sipose izwana epepeni lako lodumo. Into yokuqala siyawabo nga amazwi aoMessrs. Xulu kanye nakaChief David Cele. Tina ebesikipe indaba yomnikelo ukuti maugoduke uye ekaya. Aiko inkwali epandela enye. Asikakulumi lutoke ngoba asikayizwa impendulo yezinsizwa esazicela ukuba zipendule indaba yetu zaseNatal nakwaZulu. Itina abenu abancane. Harry S. Mkize T. M. Tabete, E. H. Ncube, B. E. Mkize, Simon H. Ncube, E. M. Makanya, L. L. Jali, John B. Makanya, Aaron Chas. Nkala, E. H. Mkwanazi Charlie Kumbuza, L. S. Kumalo, Thomas G. Mabasa, Caleb Sabela, E. E. Mkize, Mapuhlela Mgobhozi, Neliase F. Kuluse, Ben M. Ngcobo, Gidion N. Magwaza, Mlonyeni S. Ngidi, Fred Mkize, Leonard Zungu, E. N. Ngcobo, J. D. Jali, Divid Komo, M. Ngcobo, M. S. Ngcobo Fred Mngadi, Walter L. Elik Masinga, E. M. Mtembu, Johnson Jali, M. Z. Pewa, T. G. Mbonambi B. Dhlamini.

Laba abati sukuma pansi Mafukuzela upinde indhjela yako udabule ulwandhle. Silinde wena Bashi se Mafukuzela onjengezulu, Nkonjane abaidonse ngomjiva ePaindi, Nguluzane ekade beyiguluza beti bayiwisa pansi kanti basina edwalani abasezitini. Pambili maquzu kabalwa ngoku. fela isizwe.

Iznsizwa zilinde izwi uMemezele imali osifuna yona, asicashile sikwa:
Randles Brother & Hudson,
Market Street,
Johannesburg.

Umuti Wamandhla Ongabilile.

Ukupelelwa amandhla akusifo sasito sinye somzimba kepa kuba kuwo wonke umzimba. Kuyingozi ngoba kwehlisa amandhla omzimba okuvika ukufa.

Inxa ukupelelwa amandhla kulandela isifo esinamandhla umuntu uyepuza ukululama, amandhla angabuyeli njengoba kufanele. Uma umuntu kade eguliswa yiGrip uvama ukupelelwa amandhla, okuhlala izinyanga ezitile.

Wonke umuntu uyabona ukuti umuti wokupelelwa amandhla ngukwaka iga zi ngoba igazi lihamba kuwo wonke umzimba, inxa sekungcono lona kuzwa kala kuwo wonke umzimba. Indaba ilele ekubeni kuye wonke ogulayo atole uto oluzonotisa igazi.

AmaPink Pills kaDr. Williams afanele abantu abaningi ngoba awanaluto olubilile al'aka ngoqobo igazi aqinise imizwa. AmaPink Pills kaDr. Williams ayasiza kubantwana abasakulayo na kwabadala besilisa nesifazana, abamizwa yabo ikandhlekile. Adinga ukute ngwa uqobo nguye wonke onemizwa ebutakataka negazi elilula.

Umtengisi wakini uyatengisa ngama Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town, ngo 3s. 3d. ngegabha noma ngasitupa ngo 18s. iposi ungalikokeli.

Obonga uRev. Shembe.

Mngane,—Ake ungipe indawo epepeni kengiti ukukuluma kubantu bakiti. Ngibonga ukuhamba kwami ngiya entabeni yaba ingcwele Enhlangakazi. Ngibonga imisebenzi eyenziwa ngo 24 nango 25 Jan. 1919. Ngibonga uTixo osipe umusa tina bantwaua esingaaolwayo. Safunda kakulu. Akuko uku kolwa kodwa ubugili sabefunda kakulu salahlekelelwa ukukolwa ngenxa yokuba siti, siyizimpumpute asiboni kepa sibe siyibona imisebenzi eyenziwa isitunywa seNkosi Weshumayela uJesu wati, "Ngiyabonga baba ngoba ubafihlele abahlakanipileyo wakubonakalisa ezinganeni." Mateu 11:25,26 uRev. Shembe akanamandhla okuzenzela uto unomoya weNkosi ngiqinisile. Ubekipa amademoni ngegama leNkosi saze samangala tina ukuti lomuntu unjani. UMarko 5: 8, 4 10-11 12-13-14. Kepa ke ngeke sikolwe tina ngoba noJesu asikolwanga imisebenzi nezibonakaliso owaezenza. Johane 7:12 nati futi sisho njalo siti uShemba udusa abantu, abanye bati qa uShemba unokukolwa eNkosini. Nati asingabazi neze. Ukuzwa ngomuntu akusizi kuhle uye kozizwela iqiniso namanga njengo Nikodima ezwanga ngomuntu weqa ebusuku waya kuJesu ngoba izazi zingavumi, Johane 3.

Yimi,
JOHN KWELA.
Amanzimtoti,
Adams.

IMBANGI NOKWELASHWA KWESIRUDO.

Ukudhla umuntu eqise, nokuguquka kwokushisa kwomoya, nezitelo ezingavutiwe, namanzi amabi, ngezinye izici ezibanga isirudo. OkaChamberlain wentungwa nembo nokuhlambulula uzelapa ngokushesha zonke lezizifo zamatumbu. Utengiswa yibo bonke abatengisayo.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu.

(M. M. FUZE.)

Bafika qede lapa kiti bamxoxela, uSobantu leyo ndaba. Kwabe kute ezindukwini ezingapambi kwaloko konke, inkosi yambiza uJohn. Dunn (okade wahlala kwa Zulu, inkosi eyamakele umuzi yamganisela umdhlunkulu, waka imizi emininginyi) yabuza yati kuye, "Loku nanku sengilwa nabelungu nje wena uzakubuyela ngapi ? "Wapendula uJantoni wati "Ngizakubuyela ngakwabakiti." Yase iti-ke kuye "Impela ukuluma kahle, kako umuntu olwa nabakubo. Hamba-ke utabate abantwana bonke bako nempahla yonke yako, uye esilungwini." Nembala-ke wabopa oka Msidoni, wakukula nako konke okwake weza lapa esiLungwini.

22. Kwaku inkati yasekwindhla, enyangeni yokuqalisa unyaka ka 1879 izinsuku zisaudukuqala, ngoba abelungu bangena ngoKisimusi (Dec 25, 1878) kwo Sirayo. Eseyibutile eyake uMahlamvu wakuluma nayo, eyiyala, eyiqondisa ngako konke; wayitshela nokuti baze bangaweqi umucele bangene kwelase Silungwini noma bebaxotshile abelungu kuleyo nkati; wabayala nangokuti mabalwe baqinise, bakumbule ukuti balwa impi yokugcina ngomuso abasayikupinde bayilwe, baqonde futi ukuti sebeyakudonsa izinnqola zabelungu batwale amasaka ombhila njengamahashi. Wati uba aiyale ngako konke akubonayo, wayitshela ukuti baze bangabayeli abelungu lapa sebengenise kona sebembe imigodi kodwa baze balwe nabo endhle, noma behamba. Impi yonke wayinika uNtshingwayo ka Mahola wakwa Koza, nezinduna zonke zamabuto zaba ngapansi kuka Ntshingwayo. Kulena eqonda eSandhlwana ngase Mzinyati ngakwoSirayo wakipa amabuto onke—Inkonyan'ebomvu, uNokenke, uKandampemvu, iNgobamakosi noVe noNdi. Uyiyisa kulenake epetwe nguLord Chelmsford nezinduna ezingao Durnford nezinye. Wakipa omunye futi umzila woMxapo nezihloko zamanye amabuto wayiyisa ngas'eNyezane kwaGingindhlovu eyabe ipetwe nguGeneral Pearson nezinye izinduna. Lapo-ke lahlwa nesinyama, uMnguni omkulu wayikipa ngokunjalo. Yahamba-ke yagasa kaloku. Ngoba abelungu laba babengatsho kakulu ukuti uZulu uzakuyileta kubo, kungati babeti uyesaba uZulu. Ngani na? Ngoba bate uba bawelele kwoSirayo ngoKisimusi kwati nya abantu bonke, bezwa kwabayizinkubele nakwabesifazana ukuti impi yonke imukile iye enkosini. Angitsho ukuti babesho ukuti impi yakwaZulu iyeza. Ngoba kwati ugamhla eyakwaZulu ingenise emfuleni ongale kweSandhlwana ngasempumalanga kwaso, afika amahashi eza kuyoka; amahashi lawo kambe ngabeSutu bakwaMbunda kanye namakolwa aseEdendale namaNgwane kanye nabelungu.

23. Yat'uba ifike eyabelungu yamahashi ayabe isaqula yadabula kweyakwaZulu. Lapoke izinsizwa zasuka pansi, zaqala ukubalungela abafo, kodwa izinduna zanqaba zati ake ya'e umkumbi ziyitete. Zala izinsizwa zati, "Kusezakwenzelwani lo'ko, loku nansi seifikile isisibulala nje na?" Po-ke loku pakati kwamabuto lawa ziningi izinduna ezi izinsizwa nakona, kuzaubuye kutiweni? Ashuqangaua amabuto kanye nezinduna zawo. Zawasukela amahashi. Banela babona abelungu ukuti waqubuka uZulu manje, kwaba kudekude emuva ngamakulu amajubane. Po, basakwenzelapi kona loko kuZulu kaMalandela, kudekude eSandhlwana, lapo ingenise kona eyakubo. Kanti kunjalo njalo aipelele yonke eyabelungu. enye ibange le eMangeni, lapo ibulala kona isilisa nesifazana okucatshe emigedeni, ngenxa yokuba amaxegu engasenamandhla okuyapi ngenxa yamadolo nokubonisa abasifazana nezingane. Kulapo kukona yona uqobo inkosi lapo uLord Chelmsford eMangeni lapo. Yeboke yemuka nabo abelungu ibayisa ngasezintatshaneni, Amatutshana, pezu konqenqemana olubuka Isandhlwana ngasentshonalanga. Iyalwa njalo. Bat'uba babone abelungu ukuti nansi is'iza nayo, bapuma kwotente manje; izinduna zawakuza amasotsha kona emabaleni lapo ehleze ekuzelwa kona. Wo! waya nabo uZulu. Bat'uba babone abelungu iza nayo, wezwakala kaloku umbaimbai, Ati owayo ngenhlamvu yabelungu lapo, zimememeze ziti, "Uyadela wena ungasayi kuwumba umgwaqo!" Bagalela kwaze kwaba kane. Wabe uZulu engasakunakile loko, ebange pambili; kuti ngenye inkati zilale pansi izinsizwa ziti watalala njengezinyoni, zibuya ziyake zibange kona lapaya. Kulapo kwamemeza kona uVumandaba kaNteli (induna), ehlezi kona lapaya oqaqeni olupezu kwamadulana abukana nentatshana Isaudhlwana, wati "Katshongo njalo!" Lapoke amabuto avukisa okwesikonyane. As'ebange ngasezindongeni zomfulana owelwa qede kudundutshalwe kubangwe eSandhlwana. Lwabe uVe selukade luputume lwaya kuvimba ngale kweSandhlwana ngas'ezibukweni loMzinyati. Umbaimbai waduma kane wacima. Kulapo kwenzeka kona umhlola lapo, bati bonke beqabuka kwasekumi umuntu pezu kwentaba Isandhlwana, owamemeza ngezwi elikulu, wati "Bapakati, mabandhla kaMjokwane!" kepa kaziwa lowo muntu ukuti upume ngapi, nokuti ngowapi. Po, usabuza ubani lapo? Angena amabuto kwotente, kwakala nkabi, kwakala mbongolo, kwakala muntu kwatula kwati kwitshilili!

Izilonda ezesabekayo zokakayi.

Ikanda selitwe mbo yizilonda eziyizinkoko.

UKUPELA KWOMUTI UZAM-BUK

Indaba emangalisayo neqinisekile yi lendaba eyenzekayo exoxwa nguMr. W. B. Davis wakwelamaqwa.

Uti umfana wake uJohn ese neminya ka eyitoba waguliswa izilonda zokaka yi. Umfanyana kuze kumngene nje wayetwala isigqoko somfana womuntu enezilonda ekanda lake.

Kute dukuduku kwase kupetuka izilonda eziyizi nkoko, ezamenza umfana enwaye ngenxa yokuluma nokuvuvukala. Kwabonwa sekusa kuvukwa umfana engasatoli ngisho nobutongo, engasalali egula sengati uguliswa yisifuba.

Ute etuka umfana wase vuvukele namehlo sekugcwala nezinyembezi emehlweni ake.

Wase eputuma edokotela ababili abati umfana uguliswa izilonda ezesabekayo ezi yizinkoko. Imiti yabo yapelela emoyeni, ukuko sol'muka no moya kumfana kute kuse njalo kwavela ishiloho esang'bamba ngendhlebe singeluleka ngoZam-Buk.

Ngamhloma ngoZam-Buk ngaqeqebu a uqweqwe lwezilonda ngase ngimfaka ezilondeni uZam-Buk ngalobobusu ku kwehla nobutongo kumfana. Ngampikelela ukumfaka uZam Buk kwaya ngokubohla kwaze kwapela kumfana, kwasibata akupindanga kube kusaloko ta kuvele.

Akuka ngisho nomudwa qwaba, ngo munwe nje umuti. Ngafika kuZam-Buk, lo owelapa izilonda ezixixayo, nezingalepekiyo, nezinwayayo, nemi nkenke ezinyaweni. Utengiswa yibo bonke abatengisi, ngedoshana, amanye amadosha abiza u 1s. 6d. amanye 3 9d. Tumela ku "The Zam-Buk Co., 9 Long Street, Cape Town."

S'yazincoma ngabapati bomuzi wetu.

Sifisa ukubonisa izimvo zetu ngoku bonga kwetu kunina Mayor waseBethlehem. Ngomsebenzi omkulu enisenze le wona tina abantu baseBethlehem ngesikati se Influenza Epidemic. Sifisa ukuba nani siko lakiti ningakohlwa oMr. Irvine noMr. Broster abapati bomuzi. Lamadoda azange abe nomqondo wokuti bayalahlekelwa pezu kwetu bantu. Siswela ukuzincoma ngapandhle kwalawamadoda, ngoba bangabantu abapete abantu kahle. Si buye singakohlwa uMr. Jackson lo waencedisa kakulu owa ebonisa izindawo zokumba, zabangcwatywayo abafileyo endaweni yabamnyama yokungcwaba.

Futi noMr. J. P. Green the Chemist ngomuti wake owasinceda. Utando olukulu nokuzwela lwabonakala kiti ngenxa yalaba esibonise amagama abo ngapezulu.

Asesabi ukuti sizomane sibheke kini njengoBaba wetu. Siyapela ngokuti sinifisela iminyaka eminingi yomsebenzi wenu omuhle upumelele njalo.

Itina ngomsebenzi we Advisory Board of the Location.

IZINCEKU ZAKO EZITOBILEYO.

Ovumela uMhleli.

(Ku Mhleli we "LANGA.")

Mngane,—Ngikulekela isikalana kwelako lodumo ngisekele amazwi ako abonakala kwelako likaJanuary 31 ngodaba lokutatwa yisifo kukaMr. J. B. Moffat nokupasa uhlamvu lwokuti uHulumeni angabe usihlabe umxwele uma kulesisikundhla angabeka indoda efaneleyo eyaupata abantu njengoMr. Dower nanjengoba bekuyokwenziwa ngumufi uMr. Moffatt. Nati lapa kwaZulu siyausekela lowomqondo wako ngoba uDambuza kaHoqoza lo usaziwa yonke iUnion yonke indawo lapo eke wapata koza ubesala akalelwe lapo esemuka. Nalapa kwaZulu wapata kahle naseTransvaal nalapo esekushulelwe ekupateni yonke indhlu emnyama yaseNatal nakwaZulu siyatokoza impela. Simatembile okaHoqoza ukuti singabe sibekwe ezandhleni ezimhlope uqobo zikababa. Umfo ofisa ukubona naye omnyama ehlezi kahle enebe. Sonke sipakamisa senanela igama lelo lako mhleli ukuti makukushulwe okaHoqoza apate abantwabakwabo benhlanga zonke. Naso esetu isifiso.

Yimi owako.
B. BIYELA.
KwaMondi,
Eshowe.

Ziyingcozana izifo ezidanisa njengokuluma kwezangemva. Kucisha ukuba bungehli ubutongo umuntu angapumuli. Isigcobo sikaChamberlain sinika ikefu usasifaka, bese kuti amadoshana ayingcozana atate kanye okokupela. Utengiswa yibo bonke